health

Department:
Health
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL



# MANGUZI HOSPITAL NEWSLETTER

April-July 15

**"IZIBHEDLELA ZAKWAMHLABUYALINGANG ZIHLOMULE NGEZITHUTHI EZIMBILI"**

## Inside this issue:


Inkomfa kazazi 2

Midwifery provincial convention 3

Umtholampilo uhlenga impilo 3

Okusha esibhela saseManguzi 4

Mandela day celebration 4


## INJABULO BEHLOMULA NGEZITHUTHI

Izindaba ezimnandi kwizakhamuzi zaseMkhayakude zihlomula ngezithuthi eziyishiyagalolunye (8) zosizo oluphuthumayo zohlobo lwe mercedez Benz ezilayisha abantu abalinganiselwa kumashumi amabili nantathu. Izibhedlela zakwamhlabuyalingana okuyisibhedllela saseManguzi kanye nesibhedlela saseMseleni bona bahlomule ngezithuthi ezimbili, nezinye izibhedlela ezingaphansi koMkhanyakude zihlomulile ngalezi zithuthi.

Umphathi wesibhedlela Dr S B Vumase uthi kumjabulise kakhulu ukulethwa kwalezi zithuthi wathi kuzokwehlisa izinkinga ezikhungethe loluhlelo lokuhambisa iziguli.



# ISIBHEDLELA SASEMANGUZI SENZE INKOMFA KAZAZI

Isibhedlela saseManguzi sibambisene Nompilonhle ( inkaphani engenzi nzuzo esebenzisana nomnyango wezempilo) babe nengqungquthela yamantombazanyana aneminyaka esukela kweyi shumi nambili kuya eminyakeni engamashumi amabili .

Inhloso ngqangi yale nkomfa bekuwukufundisa amantombazanyana ngokuziphatha. Ukuzithanda, aphinde baqwashise ngezifo ezifana nesandulela ngculazi, ukukhulelwa kwamantombazane asafunda nokuhlukumezeka ngokocansi.

Bekuzikhulumi ezahlukahlukene kuqwashiswa omama bakusasa. Isiqubulo besithi "Sakha isizwe, sikhulisa omama bakusasa"

**Izinye zezingane ezithamele le lenkomfa**



**Mpilonhle kanye nabasebenzi basesibhedlela saseManguzi**



**Bedingida ngezingxongxo abazizwile**



**FIGHTING DISEASE, FIGHTNG POVERTY,GIVING HOPE**

# MIDWIFERY PROVINCIAL CONVENTION

Midwives from eleven (11) Provinces were gathered at Protea Hotel on the 23rd to 24th June 2015.

The theme of the conference was "Midwife for a better tomorrow"

District Manager Ms Themba reminded the midwives that the "better future of the country lies into midwives hands, failure to manage will mean no future or tomorrow for the country".




Presentation by Mr D Mosatshle( Manguzi Hospital dietician)



Midwives listening attentively



Miss Themba (District Manager)

# UMTHOLAMPILO WAKWA ZIBI UYAQHUBEKA NOKUHLENGA IZIMPILO

Ukusukumela phezulu kwamanesi uma kunesimo esiphuthumayo kusize ingane ekade ilahlwe endlini yangasese yahlala khona isikhathi esilinganiselwa kumahora angaphezu kwayisikhombisa. Uthishanhloko wesikole (esingezubizwa ngegama) wafika ezobika ukuthi kunengane ezwakwala emgodini wendlu yangasese. Umphathi womtholampilo (Mrs T Z Mthembu Kanye no Sister G N Thwala) baphuthuma bahlenga impilo yomntwana okwathi emva kokuba sebemgezile bamdlulisela esibhedlela saseManguzi.

- There are 8 cubicles at OPD, this is one of many other means the Manguzi Hospital is trying to improve the quality of service/ amagumbi okuhlolela aseyisishiyagalombili, lena ngenye yezindlela abaphathi besibhedlela abazama ngawo ukwenza isimo sesibhedlela sithuthuke.
- X-ray department working hours have changed

⇒ 7h30 –17h00 during the week

⇒ 7h00-17h00 during public holidays and on public holidays

# MANDELA DAY CELEBRATION

